

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

SEPTEMBER 2023

IBANGA LE-12

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo kanye nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:
- | | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**Ngiyabonga Ngokusindisa Impilo Yami!**

- 1 Ubani ongeke asamukela isipho sempilo? Ubani ongalifuni ithuba lesibili lokuphila? Ikusasa alaziwa, impilo yakho ingaguquka ngokuphazima kweso. Izigidi zabantu emhlabeni wonke zilinde ukunikelelwa ngesipho sempilo. Uhlu lwabantu abalinde ukuthola ithuba lesibili lokuphila likhula ngesivinini esikhulu. Umuntu oyedwa angakwazi ukusindisa imiphefumulo eyi-5 kuya kweyi-8 uma enikela ngezitho zomzimba, igazi kanye nangamathambo. Umuntu oyedwa osedlulile emhlabeni yena angasiza abantu abangama-50 ukuthi baphile noma bathole usizo lwezitho zomzimba abazidingayo. Kuningi ukudideka okukhona mayelana nokunikela ngezitho zomzimba. Lokhu kudalwa izinkolo, izinkolelo, amasiko kanye 10 nokungabi nolwazi olwanele.
- 2 Wonke umuntu unalo ilungelo lokuzikhethela ukunikela ngezitho zomzimba. Usizo lokufakelwa igazi nezitho zomzimba alukhethi ukuthi ungubani, unamalini futhi uhlalaphi. Okokuqala kufanele ubhalise enhlanganweni okuthiwa yi-Organ Donor Foundation of South Africa 15 (ODF) nakwezinye izindawo ezisemthethweni zokubhalisela ukunikela ngezitho zomzimba ukuze ufakwe ohlwini lwabanikelayo. Kubalulekile ukuthi umndeneni wakho noma abasondelene kakhulu nawe bazi ngalokho. Umazisi ufakwa isitembu esibhalwe ukuthi 'DONOR'. Ungafaka futhi nebhangela elakhelwe abantu abanikela ngezitho zomzimba. Uyahlolwa 20 odokotela bempilo ukuthi awunazo izifo ezingalapheki noma ezisegazini lakho. Umuntu ongaphansi kweminyaka eyi-18 udinga imvume yabazali noma yombheki (guardian) wakhe ngaphambi kokunikela. Abaneminyaka engaphezulu kwama-60 ngeke bakwazi ukunikela ngengaphakathi leso. Uma unesifuba somoya (asthma) awukwazi ukunikela ngenhliziyo kodwa 25 unganikela ngezinye izitho zomzimba. Ukunikela ngezitho zomzimba kumahhala, usuke uzikhethele wena ukwenza ubuntu ngokupha abanye ithuba lokuphila.
- 3 Ukufakelwa kwezitho zomzimba kunomlando osuka kude. Ngomhla zi-3 kuDisemba 1967, uDokotela Christian (Chris) Barnard wakhapha inhliziyi 30 kumuntu ongasekho wayifaka kophilayo. Lo mlando wenzeka eNingizimu Afrika eGroote Schuur Hospital eKapa. Wafakela uWashkansky inhliziyi kaDenise Darvall owayeshone engozini yemoto. UWashkansky wakwazi ukuphila nale nhliziyi nakuba emva kwezinsuku eziyi-18 washona ebulawa yisifo senyumoniya. Ulwazi ayelusebenzisa uDokotela Barnard 35 wayeluthathe ocwaningweni olwalwenziwe ngonyaka we-1950 yiqembu labacwaningi baseMelika. Laba bacwaningi bakwazi ukufaka ngempumelelo inhliziyi yenja kwenye eyayinenkinga esifundazweni saseCarlifonia ngonyaka we-1958.

- 4 Ukunikela ngezitho zomzimba kuhlukaniswe kabili; kukhona ezinikelwa ngumuntu osaphila nalezo ezikhishwa uma umuntu eseshonile. Izinso, ucezu lwesibindi, iphaphu namathumbu kunganikelwa ngumuntu osaphila naye aqhubeke nempilo yakhe. Ezinye zalezi zitho zomzimba uma zifakelwa kuba nemibandela yezinto okungafanele uzidle noma uziphuze njengotshwala nokudla okunamafutha amaningi. Inso yisona isitho esinikelwa kakhulu ngoba umuntu uyakwazi ukuphila ngenso eyodwa. Kubalulekile ukuthi igazi lakho nalowo omnikelayo lihambelene. Onikelayo naye uyahlinzwa ukuze kukhishwe lokho okuzofakelwa. Komunye. Izindleko zokuhlinzwa zikhokhwa umshuwalense wonikelelwayo noma isibhedlela.
- 5 Imindeni ikwamukela ngezindlela ezahlukene ukunikela nokufakelwa kwezitho zomzimba. Abanye bathi kuyabaduduza ukwazi ukuthi noma beshonelwe ngothandiweyo wabo, kukhona othole ithuba lokuphila. UJeni Stepien wacela indoda eyafakelwa inhliziyo kababa wakhe ukuthi kube yiyona ezomela ubaba wakhe ngokumngenisa esontweni ngosuku lwakhe (uJeni) lomshado. Lokhu uthi kwamenza wangazwela ukuthi ubaba wakhe wahamba emhlabeni lungakafiki usuku lwakhe lomshado. Umndeni wakwaLekoba wanikela ngenhliziyo nangesibindi sendodakazi yabo eyashona ineminyaka emi-5. Bathi lokhu kubenza bagubhe usuku lwayo lokuzalwa yonke iminyaka ngoba inhliziyo yendodakazi yabo isasebenza komunye umuntu. Abantu **abayi nganxanye bengemanzi**. Kukhona abathi abakutholi ukwamukela ukuthi othandiweyo wabo akasekho uma izitho zomzimba wakhe zisemizimbeni yabanye abantu. Abanye abantu abathandi ukwazi ukuthi izitho zomzimba ziye kubani noma zivela kubani.
- 6 Baningi abantu abashona nezitho zomzimba ezingasiza izigidi zabantu. Asizame ukulekelela ngoba **kudla fumuka kudle silaza**.

[Ucwaningo oluthathwe ku-www.donateIwaseIuyahunyushwa]

- 1.1.1 Yisiphi isipho sempilo okukhulunywa ngaso kule ndaba oyifundile? (1)
- 1.1.2 Yini evimbela abanye abantu ukuthi banganikeli ngezitho zomzimba ngokwesigaba soku-1? Bhala OKUBILI. (2)
- 1.1.3 Ubonakala kanjani umuntu onikela ngezitho zomzimba ngokwesigaba sesi-2? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 1.1.4 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikiwe:
- UWashkansky wabulawa ...
- A isifo senhliziyo
B isifo sofuba
C isifo senyumoniya
D ingozi yemoto (1)
- 1.1.5 Lwalwenziwe kanjani ucwaningo lokuqala lokufakela izitho zomzimba komunye umzimba? (2)

- 1.1.6 Bhala izitho zomzimba EZIMBILI onganikela ngazo kothandiweyo wakho ukuze niqhubeke nokuphila nobabili. (2)
- 1.1.7 Sizathu sini esenza ukuthi izindleko zokuhlinzwa komuntu zikhokhwe umshwalense walowo onikelelwayo? (2)
- 1.1.8 Yisiphi isenzo sikaJeni Stepien esikhombisa ukuthi wayemthanda kakhulu ubaba wakhe? (2)
- 1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni.
- (a) Abantu **abayi nganxanye bengemanzi**. (2)
- (b) Ukufa nokugula **kudla fumuka kudle silaza**. (2)
- 1.1.10 Kubaluleke ngani ukuthi umuntu azikhethele yena esaphila ukuba kunikelwe ngesitho sakhe uma eseshonile, kungabi isinqumo somndeni? (2)
- 1.1.11 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umuntu obhema kakhulu angeke akwazi ukunikela ngamaphaphu akhe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.12 Phawula ngokwenkolelo yakho ngesenzo sokunikela ngezitho zomzimba kulabo abazidingayo. (2)

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Sicashunwe ku-google.com]

- 1.2.1 Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi abantu abasezithombeni basekilasini. (2)
- 1.2.2 Yini engaba yingozi kothisha abafundisa iziboshwa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.2.3 Ngokucabanga kwakho kungabe bafanele yini abantu ababoshiwe ukunikwa ithuba lokufunda? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezinkinga zokuba muhle.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)**Kanti Buhle Unezinkinga!**

'Waze wamuhle, ongathi umuntu angalokhu ekubuka!'

Lawa amazwi ashiwo uma sibona umuntu omuhle. Ubuhle siqala ukukubona ngaphandle. Wonke umuntu uyakuthanda ukuba muhle noma anconywe kuthiwe muhle. Uyazi ukuthi ubuhle umuntu azalwa nabo bugcina sebumlethela izinkinga ngesinye isikhathi?

Abantu besifazane abazalwe bebahle yibona abavamise ukuba nezinkinga. Ubuhle budinga ukunakekelwa yingakho abantu abahle behlala bekhathazekile ngokungenzeka uma buphela/bushabalala.

Umuntu uma ekhula ubuhle bobuso nomzimba kuyashintsha. Lokhu kwenza basebenzise izindlela eziningi ezinye ezibahlukumezayo njengokunweba nokusika izicubu zabo ukuvimba lolushintsho. Bakhona abayeka imvelo iqhubeka.

Abantu balindele ukuthi umuntu omuhle aziphathe ngendlela ethile. Bafuna ukubona emamatheka, ekhuluma kahle noma ejabula yize isimo singamvumeli bese egcina esenengcindezi. Impela kunzima ukuba muhle!

Ukuqhathanisa abantu kujwayelekile. Kunemincintiswano eqhathanisa ubuhle babantu. Imincintiswano eyenzelwa ukuthola ukuthi ubani omuhle kakhulu kunomunye kubenza babe nokhwantalala.

Abangani ophila nabo babalulekile. Umuntu omuhle uba nenkinga ngoba abangani bakhe babuye babe nomona, bamhlebe bakhulume nezinto ezimbi ngaye. Inkinga yabo ukuthi abakutholi ukunakwa okutholwa yilo mngani wabo omuhle.

Emsebenzini kunezinkulamo ngabantu abahle. Umuntu omuhle uma ethola isikhundla esiphezulu kuba nomsindo omubi. Abantu abamukeli futhi abakholwa ukuthi isikhundla asisebenzele.

Umphakathi ubuye ubathathe ngenye indlela abantu abahle. Kunomcabango othi abantu abaningi abahle abahlakaniphile bese bengabalaleli futhi bangayithathi imibono yabo.

Kwezothando nakhona kukhona abantu abadlala ngobuhle babantu, befune ukubukwa ngawe hhayi ngoba bekuthanda. Abanye baze bashade nabantu abangabathandi ngoba befuna ukunconywa ngokuthi umuntu ushade nomuntu omuhle.

Kuhle sikwamukele ukuthi angeke sakhiwe ngokufana.

[umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

www.ikhayalabadala.co.za

086 564 2667

Vumelani ogogo nomkhulu bazohlala nontanga yabo!

Banakekeleni ningadli imali yabo!

Asibanike bandla ukujabula ngezinsuku zabo zokugcina.

**Bathola konke lokhu:**

- ❖ oSonhlalakahle
- ❖ ukudla okunempilo
- ❖ abaqeqeshi bokuzivocavoca
- ❖ onesi nodokotela abanekhono lokunakekela
- ❖ ukuvakashiswa eziqiwini

Abahlala ngaphakathi izi-R6500 ngenyanga

Abahlala ngaphandle izi-R3500 ngenyanga

Abangondingasithebeni ama-R600

[umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepic]

- 3.1 Bhala OKUBILI okuvezwa izithombe abantu abadala abachitha ngakho isizungu. (2)
- 3.2 Tomula umusho onolimi oluncengayo. (2)
- 3.3 Qhathanisa impilo yomuntu ofika emhlabeni/ozelwe naloyo osegugile/osemdala. (2)
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Abangondingasithebeni abakhokhi.

- A abanabazukulu
B abanezingane
C abagugile
D abangenamuntu

(1)

- 3.5 Bhala leli bizomfakela elilandelayo ngesiZulu sangempela

onesi

(1)

- 3.6 Kungabe babaluleke ngani oSonhlalakahle (Social Workers) ekhaya labantu abadala? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI.

(2)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



Yini Thabo, ngiyenzeni indishi? Angithi uyabaleka uma ugesi uhamba awulekeleli? Suka la!

Baba, ngiyafa indlala. Ngicela ungiphakele.

[umbhalo wokuziqambela, isithombe-iSolezwe]

- 4.1 UThabo nobaba wakhe bahlala kuliphi izwe? Bhala izwe ngesiZulu esifanele. (2)
- 4.2 Bhala OKUBILI okusesithombeni okukhombisa ukuthi ugesi awukho. (2)
- 4.3 Yimuphi umonakalo/umthelela omubi ovezwa isithombe okhombisa okwenzekayo uma kuhamba kugesi. (2)
- 4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ochaza uhlobo lwesifenqo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Baba, ngiyafa indlala.

A ihaba

B isifaniso.

C isingathekiso.

D isihlonipho. (1)

- 4.5 Guqula lesi senzo esilandayo sibe ibizomuntu.

hamba (1)

- 4.6 Ukuhamba kukagesi kuhlukumeza abantu. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

[10]

UMBUZO 5

- 5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

Abesifazane bagubhe kahle usuku lwabo ngomhla we-9 Agasti. Lolu suku bekubungazwa bonke abesifazane. Bakhumbula mhla abesifazane abavuka ekuseni bamashela e-Union Building ngonyaka we-1956. Babelwa nomthetho wokuphathwa kwamapasi. Babephethe ibhuku lezikhhalazo elikhulu. ULillian Ngoyi nabanye bahola le mashi yabantu besifazane. Kwakugcwele izinhlanga ezahlukene zabantu besifazane abavela kulo lonke izwe lethu. Babecula iculo elithi: "Wathinta abafazi wathinta imbokodo." Namanje lisaculwa. Le mashi yayikhomba isiqalo somzabalazo wokulwela inkululeko. Bayenza ngempumelelo ngaphandle kokusebenzisa udlame. Babhala uhlu lwezikhhalazo abalunika uNdunankulu. **Babegane unwabu.**


Phambili mbokodo phambili! Isizwe sithembele kunina.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1.1 Bhala lo musho ube sebunye/ubunye.
Abesifazane bagubhe kahle ngomhla we-9 Agasti. (2)
- 5.1.2 Hlobo luni lwesandiso esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.
Abesifazane bavuka **ekuseni** kakhulu bamashela e-Union Building. (1)
- 5.1.3 Bhala isinciphiso segama elibhalwe ngokugqamile bese ulisebenzisa kumusho ozakhele wona.
Babephethe **ibhuku** lezikhalazo. (2)
- 5.1.4 Guqula igama elikubakaki libe ongumnini.
Lolu suku (abesifazane) lugujwa njalo ngonyaka.. (1)
- 5.1.5 Bhala igama elimqondophika kunaleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.
Le mashi yayikhomba **isiqalo** somzabalazo. (1)
- 5.1.6 Gcwalisa isikhala ngesenzukuthi esifanele kulo musho olandelayo.
Kwakugcwele ----- izinhlanga ezahlukene zabantu besifazane. (1)
- 5.1.7 Zibizwa ngokuthini lezi izimpawu ezilandelayo?
(a) “ ” (1)
(b) ! (1)
- 5.1.8 Sebenzisa umabizwafane obhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo ukuze kuvele incazelo ehluke kunale esetshenziwe.
ULillian Ngoyi nabanye **bahola** le mashi. (2)
- 5.1.9 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esiqeshaneni esingenhla. (2)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[isithombe sicashunwe kugooglepic]

5.2.1 Bhala uhlobo lwempambosi ebhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Uthi isicelo sakho **sokudlulisa** icala siphumelele. (1)

5.2.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lomusho.

Mina ngikhathele ukuhlala kule ndawo.

- A Umusho oyisititimende
- B Umusho ongumbuzo
- C Umusho ombaxa
- D Umusho ongumyalelo (1)

5.2.3 Bhala ubulili bamagama abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo.

(a) Impela **inkunzi** yommeli le. (1)

(b) **Izinsizwa** ziyangihlukumeza. (1)

5.2.4 Guqula lo musho olandelayo ube inkulumo-mbiko.

Umama kaMenzi uthe; "Ngithole amaphepha avela kummeli." (2)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80